



KUXWAYISWA UMPHAKATHI WASE LINDELANI NGEZIGILA MKHUBA EZIDAYISA IMIZI NGOKUNGEMTHETHO



Isithombe: Umuzi owodwa, okubukeka sengathi “unabanikazi” abaningi kunamagumbi awo. Uma ubona lo muzi kuFacebook noma kuWhatsApp, qala ubuze kabanzi ngawo, ngaphambi kokukhipha imali uwuthenge. Umthwebuli wesithombe: S’manga Sithole.



Esithombeni ngu Khansela u-Ayanda Ndlovu waku Wadi105. Abahlali abamsola ngokungazigcini izethembiso zakhe Kanye nezikhalo zomphakathi zamanzi.

PG-2



Abahleli boMcimbi Wamadoda ngesikhathi bethula umkhankaso wokulwa nodlame olubhekiswe kwabesifazane nezingane.

PG-6

Umkhankaso wokukhuthaza amalunga omphakathi ukuba ulondoloze imali ngokusemandleni awo ukuze kuvikelwe ikusasa. page 4

FINAL VOTER

REGISTRATION WEEKEND

1-2 AUGUST | 8AM-5PM



SCAN HERE TO REGISTER



IZAKHAMUZI ZASEWARD 105 ZIFUNA IZIMPENDULO NGEMUVA KWEMINYAKA EMIHLANU BENGENAMANZI

Zinhle Cebekhulu

Kubantu abayizinkulungwane abahlala kuWard 105, ukuphuma kwelanga nsuku zonke kuqala ngomsebenzi onzima wokuphatha amabhakede nokuhamba amabanga amade beyokha amanzi emifudlaneni ehlanganyelwa nezinkomo, izimbuzi nezinja, esikhundleni sokuvula ompompi emakhaya. Umphakathi uthi usuhlale ngaphandle kwamanzi kamasipala kusukela ngonyaka ka-2020, okushiye imindeni eminingi iphoqekeka ukusebenzisa amanzi angaphephile, kuyilapho ilindele izethembiso ezingakaze zigcwaliseke. Ngokwesimemo sabaholi bomphakathi, Inkundla Yezindaba ivakashele le ndawo ukuze iyozonele ubunzima obubhekene nabahlali. Izakhamuzi zikhulume ngeminyaka yokuhlupheka, zisola uMasipala waseThekwini kanye neKhansela lewadi ngokubashiya dengwane. Abahlali bathi kudala babenamanzi agelezayo futhi isimo sasihamba kahle kwaze kwaqala amaphrojekthi ahlukahlukene, okufakwa kwamamitha amanzi kanye nephrojekthi yokwakhiwa komgwaqo eyayenziwa yinkampani iPipeline Construction, okwaholela ekuphazamisekeni kokuhlinzekwa kwamanzi. UMnu. Mzulwini, owayesebenza enkampanini iPipeline Construction eyayiqashwe ukulungisa umgwaqo, utshele Inkundla Yezindaba ukuthi ngesikhathi kuqhubeka umsebenzi wokwakha, kwaqhuma ipayipi lamanzi likamasipala. “Ipayipi laqhuma sisasebenza. Sasheshe sabika kumphathi wethu, naye wazisa inhloko yomsebenzi. Salungisa ingxenye esasikwazi ukuyilungisa, kodwa ingxenye eyayisele kwathiwa izolungiswa uMasipala,” kusho yena. Sekuphele iminyaka eyisithupha kusukela kwenzeka leso sigameko, kodwa abahlali bathi ipayipi alikaze lilungiswe. Omunye wabahlali, uMnu. Ezekiel Nkosi, uzwakalise ukunganeliseki ngokwehluleka kukaMasipala ukulungisa ipayipi kanye nephampu. “Njalo ngonyaka sizwa izizathu ezintsha. Kuqala kwakuthiwa yipayipi, kwase kuthiwa yiphampu. Kanti ipayiphi noma iphampu kungathatha iminyaka emihlanu noma eyisithupha kungalungiswa? Kusobala ukuthi abasikhathalele. Abakwazi ukwenza lutho ngaphandle kokusithembisa,” kusho uNkosi. Lapho Inkundla Yezindaba ibuzisa uSihlalo weKomidi Lamanzi kuMasipala waseThekwini, uMnu. Mduduzi Nkosi, mayelana nepayipi elaqhuma kanye nephampu eyonakele, wanikeza impendulo ephikisana nalokho okushiwo ngabahlali kanye nowayengusonkontileka. Empendulweni ebhaliwe, uNkosi uthi iphampu okukhulunywa ngayo yasuswa ekusebenziseni ngenxa yokucekelwa phansi okwakuphindelela. Uthe ukuhlinzekwa kwamanzi kwase kuxhunywwa ohlelweni lweNungwane 2 Reservoir, oluhlinzeka ngamanzi ngendlela ethembeke kakhulu. Uphinde wathi ngoko lwazi namarekhodi kamasipala, alikho ipayipi elisalindele ukulungiswa. Lokhu kuphikisana ngqo nalokho okushiwo ngabahlali kanye nowayesebenza enkampanini eyakha umgwaqo, abathi ipayipi elaqhuma alikaze lilungiswe. UNkosi uphinde wasola ukucekelwa phansi kwengqalasizinda kanye nokuxhunywwa kwamanzi ngokungemthetho ngokuba



Esithombeni ngu khansela u Ayanda Ndlovu wakwa ward 105 lapha okungekho khona amanzi. UNdlovu abantu bathi akazigcini izethembiso zezidingo zomphakathi.



Umfundi ebuya kokha amanzi emfuleni, njengoba umphakathi usuhlale iminyaka ungenawo amanzi kamasipala agelezayo emakhaya.


yizimbangela eziyinhloko zokuphazamiseka kokuhlinzekwa kwamanzi. Mayelana nokuhlinzekwa kwamanzi ngamaloli, uNkosi uvumile ukuthi amaloli athunyelwa ngokuya ngokutholakala kwawo kanye nesidingo sezindawo ezahlukeni ezisenigizimu yeTheku. Uthe ukuhanjiswa kwamanzi kuhlelwa ngokubambisana namakhansela amawadi, njengoba kunezindawo eziningi ezithembekile kule ndlela. Nakuba kunjalo, Endaweni eyaziwa ngokuthi kwaNjapha esihosheni, eKwaMpule, sizithele kuSiyanda Malunga ewasha izingubo zakhe emfuleni osuphen- duke umthombo omkhulu wamanzi. “Anginayo enye indlela. Lapha yilapho siwasha khona izingubo, sikha khona amanzi futhi kwesinye isikhathi siyawaphuza. Okubuhlungu ukuthi nezinkomo, izinja nezinye izilwane zisebenzisa wona la manzi,” kusho uSiyanda. Le nkinga iphinde ibe nomthelela omkhulu emfundweni yezingane. Umfundi kaGrade 11, uFanele Njwara, uthi usuku ngalunye lwesikole luphetha ngokuhamba ibanga elide eyokukha amanzi. “Sivuka siye esikoleni, sibuye ekhaya bese sichitha amahora amaningi siyokukha amanzi. Uma sesiqedile sesikhathele kakhulu,” kusho yena. Abahlali bathi sebehambela imihlangano eminingi, bafaka izikhalo futhi balinda isikhathi eside ukuthi bathole izixazululo. Bathi iKhansela lewadi belihlale libathembisa ukuthi inkinga yamanzi izoxazululwa, kodwa akukho okushintshile. “Ngelinye ilanga ikhansela lathumela uthishanhlolo wesikole sethu ukuba azobhala phansi izikhalo zethu egameni lakhe. Sasicabanga ukuthi ekugcineni kukhona okuzokwenzeka, kodwa kuze kube namuhla akukho okushintshile,” kusho



Ezithombeni esingaphezulu yilapha umphakathi okha khona amanzi okuphuza nangezansi ngumthombo abaphila ngawo abawubanga nezilwane



Izakhamuzi zithi ziphoqekeka ukukha amanzi emifuleni esetshenziswa yizilwane, okubeka impilo yazo engcupheni ngenxa yokungcoliswa kwamanzi.



omunye umhlali ocele ukungadalulwa igama lakhe ngenxa yokwesaba ukuhlukunyezwa. UNksz. Ntombenhle Makhanya, oyilungu lekomidi lewadi, uthi uchithe iminyaka edlulisa izikhalo zomphakathi ekhanseleni. “Uyazi kahle ukuthi siphila kanjani. Bengihlale ngimazisa ngazo zonke izikhalo zomphakathi kwaze kwaba yilapho eyeka ukuphendula izingcingo zami. Manje umphakathi usungisela ngokuthi ngiwukhohlisile ngoba akukho lutho olushintshayo,” kusho yena. Uthe wagcina ukukhuluma nekhansela ngesikhathi ligubha ukuqokwa kwalo njengoMgcinimafa wesifunda we-ANC. Lapho Inkundla Yezindaba icela ukuphawula kuKhansela likaWard 105, uMnu. Ayanda Ndlovu, waphendula ngokubhala. UNdlovu uthi iWard 105 yafakwa ngaphansi koMasipala waseThekwini isuswa kuMasipala Wesifunda sase-Ugu ngenxa yezinselelo zokuhlinzekwa kwezidingongqangi, ikakhulukazi amanzi. Ubalule izindawo ezihlaselwe yile nkinga okubalwa kuzo iMfume, Thenjane, Fakazi kanye nezinye. Uthe ingqalasizinda ekhona yakhelwa ukuhlinzeka amanzi ngompompi bomphakathi, hhayi emizini eminingi enama-water meter. “Inani labantu selikhule kakhulu, yingakho amapayipi akhona engasakwazi ukubhekana nesidingo samanzi. Yingakho sekungasenanamanzi emakhaya nakompompi bomphakathi,” kusho yena. UNdlovu uqinisekise ukuthi uMkhandlu waseThekwini usuvumile uhlelo lokuthuthukisa ingqalasizinda yamanzi lwango-2025/2026, futhi sekuqokiwe ochwepheshe abazoklama lo msebenzi. Uthe phakathi kwamaphrojekthi azoqala kulo nyaka wezimali kubalwa ukuthuthu

kiswa kweMfume Pump Station, ukwandiswa kweMfume Reservoir isuke ku-1 million litres iye ku-5 million litres, ukwakhiwa kwe-Umgodi Pump Station kanye nokuthuthukiswa kweVumelethu Reservoir. Mayelana namaloli ahambisa amanzi, uNdlovu uthi kusukela ngo-2016 kuya ku-2021 iWard 105 yayihlinzekwa amaloli ayisishiyagalombili nsuku zonke. Nokho, wathi izinkinga phakathi kukaMasipala nabahlinzeki bezinsiza, kanye nezinkontileka ezaphenywa uMcwaningimabhuku-Jikelele, zaphazamisa lolu hlelo. Uthe njengamanje umphakathi uthola amaloli amanzi njalo ngeSonto ngokohlelo olukhona. UNdlovu uphinde waveza ukuthi sekumbiwe imithombo yamanzi (boreholes) kwezinye izindawo okubalwa kuzo iNdaya, Madundubala, Thokoza, Qumbu, Mphendu kanye neNgolela, nakuba evumile ukuthi lokhu akukazisizi zonke izingxenye zeWard 105. UKhansela uNdlovu naye akazange aphenyule imibuzo eqondile mayelana nokuxhumana kwakhe nomphakathi, kodwa wanikeza kuphela ulwazi olujwayelekile ngamaphrojekthi ahleliwe. Nokho, abahlali bayakuphikisa lokho okushiwo uMasipala ukuthi ezinye izingxenye zeWard 105 sezithole amanzi. “Izikhulu zithi amanzi abuyile, kodwa lokho akulona iqiniso. Akekho oke wafika lapha ezobheka isimo noma asichazele ukuthi kwenzekani. Basikhohlwa ngoba siwumphakathi wasemakhaya. Basikhumbula kuphela ngesikhathi sokhetho, bese besinyamalalela uma sekuphelile,” kusho ilungu lomphakathi uNtozakhe Khomo. Inkinga yamanzi isiqale nokuba nomthelela omkhulu empilweni yabantu. UMnu. noNkk. Nkosi, abangabantu asebekhulile abahlala enkabeneni yeWard 105, bathi baphoqekeka ukusebenzisa imali efinyelela ku-R600 empeshenini yabo nyanga zonke ukuthenga amanzi ngoba amaloli kamasipala engafiki njalo emzini wabo. “Sesigugile, asisakwazi ukuhamba siyokukha amanzi. Uma sicela usizo kuba-shayeli bamaloli, basitshela ukuthi sishaye uMasipala noma ikhansela. Akekho ozimisele ukuthatha isibopho,” kusho uNkk. Nkosi. OwayeyiKhansela likaWard 105, uMnu. Kweyama, uthi kuyadabukisa ukubona umphakathi usahlushwa yile nkinga. “Lezi zinhlelo zamanzi zakhiwa ngenhloso yokusiza umphakathi. Kuyadumaza ukuthi ngemuva kweminyaka eminingi abantu basahlupheka ngaphandle kwezixazululo. Nami ngabika lezi zinkinga kuMasipala ngesikhathi ngisasebenza, yingakho ezinye zalezi zakhiwo zakhiwa. Kodwa kuyadabukisa ukuthi namanje azisebenzi ngendlela efanele futhi akekho obonakala efuna ukusiza umphakathi,” kusho yena. Induna yendawo, uMkhize, uthi isikhathi sesifikile sokuthi kube nezixazululo ezihlala isikhathi eside. “Abantu bakithi sebehlopheke isikhathi eside kakhulu. Amanzi ayilungelo eliyisisekelo lomuntu. UMasipala mawuyeke ukusithembisa, ulethe izixazululo ezihlala njalo,” kusho iNduna. Umphakathi usunxuse uMasipala waseThekwini ukuba uvakashele ngokushelele ndawo, uhlangane nezakhamuzi futhi unikeze isikhathi esiqondile sokuthi amanzi azobuyiselwa nini. Izakhamuzi zaseWard 105 zizokhubeka nohambo lwazo lwansuku zonke lokuphatha amabhakede ziyokha amanzi emifuleni ukuze ziphile.

KUXWAYISWA UMPHAKATHI WASE LINDELANI NGEZIGILA MKHUBA EZIDAYISA IMIZI NGOKUNGEMTHETHO

Zinhle Cebekhulu

Izakhamuzi zaseLindelani, eSiggemeni sakwa-D, zixwayisa amalungu omphakathi ukuba aqaphele lapho ethenga imizi ekhangiswa ezinkundleni zokuxhumana ezifana noFacebook nakuWhatsApp, kulandela izinsolo zokuthi kukhona iqembu elisolwa ngokudayisa umuzi owodwa kubathengi abangaphezu koyedwa. Lesi sexwayiso silandela isikhalo sikaNkk. Thabile Sithole, othi ulahlekelwe imali engaphezu kuka-R80 000 ngemuva kokuthenga umuzi okusolwa ukuthi wawungadayiswa nhlobo.


Lo muzi, oseSiggemeni sakwa-D eLindelani, ungomunye wemizi yomxhaso kahulumeni. Ngoku-kaNkk. Sithole, umnikazi wawo waziwa emphakathini ngegama elithi “uSathane.” “Lo muzi usuke wadayiswa izikha- thi ezingaphezu kwezine kubantu abahlukene. Kuthiwa kusetshen- ziswa owesifazane ozibiza ngo- Amanda njengomdayisi,” kusho uSithole. NgokukaSithole, wabona isikhangi



Isithombe: Umuzi owodwa kubathengi abangaphezu koyedwa. Usudayiswe izikhawu ezeqile kwezintantu, udayiswa ngabantu abahlukene ngezamba ezahlukene ezinkundleni zokuxhumana. Umthwebuli wesithombe: S'manga Sithole.

so salo muzi kuFacebook lapho owesifazane owazethula njengo Amanda Zikhali, nakuba kuthiwa lelo kungesilo igama lakhe langem pela njengoba abanye emphakathini bembiza ngoLondi, ethi uthengisa umuzi egameni lomngani kayise ongumseshi wamaphoyisa. USithole uthi lo wesifazane wam- chazela ukuthi umngani kayise wayethenge lo muzi womxhaso

kahulumeni ewuthengela ingane yakhe. Nokho, ngenxa yemithetho elawula imizi yomxhaso kahulu meni, wayengakwazi ukuwubhalisa egameni lakhe. Waphinde watshelwa ukuthi leyo ngane yayisihlala emakhaya futhi yayingeke ikwazi ukusayina amaphepha okudayisa. Ekholwa yile ncazelo, uSithole uthi wavuma ukuthenga lo muzi.



Esithombeni, ozibiza nge angent edayisa imizi. uAmanda Zikhali

Ngo-18 Meyi 2026 wadlulisela imali engu-R80 000 kwi-akhawunti yaseCapitec yomuntu owazichaza njengomnikazi womuzi. Kodwa ngesikhathi efika ngomhla ka-26 Juni 2026 ezongena emzini ayecabanga ukuthi usungowakhe, ukhiye ayewunikiwe awuzange uvule isango noma umnyango. “Ngacabanga ukuthi mhlawumbe izingidi sezishintshiwe. Ngacela usizo komakhelwane, kwathi lapho kwaqala ukuvela iqiniso,” kusho yena. USithole uthi omunye umakhelwane wamkhombisa indoda eyayigcine ukhiye womuzi. Le ndoda yamtshela

ukuthi yayigadela umuzi egameni lomnikazi wangempela nokuthi lo muzi wawuqashiswa kuphela, hhayi ukudayiswa.

“Yangibuza ukuthi ngabe sizokasha yini. Ngayitshela ukuthi mina ngiwuthengile. Yamangala yathi umnikazi wayo akawudayisi lo muzi. Ngaleso sikhathi ngabona ukuthi sengikhohlisiwe,” kusho yena.

Inkundla Yezindaba izamile ukux- humana nowesifazane owaziwa ngokuthi uSathane, okuthiwa ung- umnikazi womuzi, ukuze aphawule ngalezi zinsolo, kodwa izingcingo aziphendulwanga. Leli phephandaba liphinde lazama ukuxhumana nomseshi ophethe leli cala, kodwa alitholanga mpendulo ngesikhathi kushicilelwa kwale ndaba. Abanye abantu emphakathi- ni batshele Inkundla Yezindaba ukuthi kukhona nabanye okusolwa ukuthi bake baba yizisulu zomk- honyovu ofanayo, kodwa abaningi besaba ukukhuluma obala ngenxa yokwesabela izimpilo zabo kanye nokuhlukunyezwa. Amaphoyisa ayaqhubeka nophenyo ngaleli cala. Onolwazi ngo Amanda angaxhu- mana no Nicky -069 370 9727



ADVERTORIAL: STRONG MAN SEXUAL BOOSTER RANGE

NEW! SELA STRESS & ANXIETY CAPSULES THE POWER OF HERBS!

Something men don't always talk about is their sexual health. An important part of a wholesome life. There is nothing to be ashamed of, in fact we should be talking more about it and supporting our men. Some men suffer from a low sex drive or appetite due to lifestyle choices, hormonal imbalances like low testosterone levels or even lifestyle pressures that bring on stress and anxiety. In some instances, this can be prevented. However, checking up with your healthcare practitioner for any underlying issues and adopting better lifestyle habits can help enhance your sexual performance.



Try the NEW SELA STRONG MAN range with SELA SEXUAL BOOSTER CAPSULES and SELA STRONG MAN SEXUAL BOOSTER MIXTURE powered with Ubangalala, which is traditionally used to help men with increased sexual arousal, stamina, stronger erections, enhanced sexual performance, reducing stress and tension; and improved general health.

Take 1 capsule 2 to 3 times a day. (RSP60's 129.95 for 60s and RSP69.99 for 30's).

TRY OUR NEW RANGE:

*Natural African herbs *Affordable *Can help relieve symptoms of illness *Easy to use

SELA products are available at: Clicks, Dis-Chem, Shoprite, Checkers, Medirite, Pick 'n Pay, Kalapeng, TLC Pharmacies, Alpha-Pharmacies, Take-a-Lot and various wholesalers nationwide.

Web: <http://www.sela.co.za>

Email: enquiries@sela.co.za

Tel: 060 509 3609

Follow us:

@selaforbetterhealth

Sela for better health

Sela. For Better Health



ADVERTORIAL: STRESS & ANXIETY

NEW! SELA STRESS & ANXIETY CAPSULES THE POWER OF HERBS!

STRESS! STRESS! STRESS! In 2023 Ipsos study on The Global Discourse of Mental Health one of the key findings says, "Seven in ten (71%) South Africans say stress has impacted their life multiple times in the year[1]. That is why mental health is just as important as physical health, a healthy body needs a healthy mind. Most often stress left untreated can lead to depression. Severe mental health should be managed with a healthcare professional. Whether you are studying, lack of sleep, have a lot on your mind or have other lifestyle pressures, a little support to help manage the impact of stress on your body can aid in coping in a pressurised world we live in.



Try our STRESS AND ANXIETY CAPSULES:

SELA STRESS & ANXIETY CAPSULES are made WITH WINTER CHERRY and SCELETIUM which are powerful herbs traditionally used to improve mood and protect the body against the effects stress, by managing anxiety and helping with relaxation.

Take 1 capsule 2 to 3 times a day. (RSP60's 129.95 for 60s and RSP69.99 for 30's).

TRY OUR NEW RANGE:

*Natural African herbs *Affordable *Can help relieve symptoms of illness *Easy to use

SELA products are available at: Clicks, Dis-Chem, Shoprite, Checkers, Medirite, Pick 'n Pay, Kalapeng, TLC Pharmacies, Alpha-Pharmacies, Take-a-Lot and various wholesalers nationwide.

Web: <http://www.sela.co.za>

Email: enquiries@sela.co.za

Tel: 060 509 3609

Follow us:

@selaforbetterhealth

Sela for better health

Sela. For Better Health

LONDOLOZA OKUSEMANDLENI AKHO – IKUSASA LAKHO LINCIKE KULOKHO



Imali oyisebenzele kanzima ivamise ukuphela kungakafiki ukuphela kwenyanga, kanti ukongela into ebalulekile kubonakala kuyinto engenakwenzeka. Kunokuba ubhekane nalokho okubonakala kuwumthwalo wezimali, ukhetha ukuhlehlisa ukonga uze uthi ngelinye ilanga, uma usuhola imali eningi, uzobe usuyakwazi ukonga.

Kodwa ake sikhulume iqiniso: ukuhola imali eningi kuvame ukuhambisana nokushintsha indlela yokuphila, okuholela ekwandeni kwezindleko bese kusala kungasekho mali yokonga.

Ukongela akusho ukulinda uze uhole imali eningi. Kusho ukwakha umkhuba wokubeka eceleni imali njalo, noma ngabe incane kangakanani, ukuze wakhe ikusasa elizinzile nelivikelekile.

Kule Nyanga Yokonga, i-Association for Savings and Investment South Africa (ASISA) ikuphonsela inselelo yokuthi ulondoloze okusemandleni akho, ngoba ikusasa lakho lincike kulokho.



Ukongela ikusasa lakho kunezizathu ezimbili ezisemqoka zokonga.

Esokuqala ukuthi impilo ayibikezeli. Ukuba nesikhwama esincane sezimo eziphuthumayo kungakusiza ukukhokhela izindleko zokwelashwa ezingalindelekile, ukufaka esikhundleni into ephukile noma eyonakele, noma ukukhokhela izindleko zesikole ngaphandle kokuphendukela ezikweletini ezibizayo. Isizathu sesibili ukuthi uzibekela imali yomhlalaphansi. Uma imali oyigcinele umhlalaphansi iningi, uzokwazi ukuzimela futhi unganciki emndenini wakho ukuze ukusize. Ukuba nesikhwama osigcinele iminyaka yobudala nakho kuzokusiza ujabulele impilo engcono uma usuthathe umhlalaphansi.

Okubalulekile akusikho ukuthi wonga malini, kodwa ukuthi ukonga kube umkhuba ojwayelekile. Ukonga u-R20 noma u-R50 njalo kungase kungabonakali kuyimali eningi namuhla, kodwa ukubeka imali eceleni njalo kusiza ukuthi imali yakho ikhule ngokuhamba kwesikhathi.

Uma ushiya imali oyongile isikhathi eside ingakhishwa, iyazuza kulokho okubizwa ngokuthi ukukhula kwenzalo phezu kwenzalo (compound growth), okusho ukuthi uthola inzalo phezu kwenzalo osuvele uyitholile. Kule Nyanga Yokonga, ziphonseliselelele ngokuchitha le mibono engalungile elandelayo:



Inkolelo-mbono yokuqala:

“Ukuqala ukonga uma sengihola imali eningi kusazoba kusenesikhathi.”

Kunokuba ulinde isikhathi esifanele, qala ngemali encane ongakwazi ukuyikhokha. Ngisho nemali encane oyongayo ngosuku lokuhola ikusiza ukuthi wakhe umkhuba wokonga. Hlela ukuthi leyo mali encane idonswe ngokuzenzakalelayo kwi-akhawunti yakho oyisebenzisa nsuku zonke bese idluliselwa kwi-akhawunti yakho yokonga ngosuku lokuhola.

Imali yakho yokonga kufanele igcinwe kwi-akhawunti ye-fixed deposit ukuze kungabi lula ukuyikhipha.

Ithiphu yokonga: Khetha into eyodwa onganciphisa ukuyisebenzisa kule nyanga, njengokungathengi isiphuzo esibandayo ngesikhathi sasemini noma ukuyeka ukuthenga ukudla kwangaphandle ngoLwesihlanu ebusuku.

Leyo mali yifake kwi-akhawunti yokonga ehlukele.



Inkolelo-mbono yesibili:

“Ukongela imali encane akusizi ngalutho.”

Abantu abaningi bacabanga ukuthi ukonga kusebenza kuphela uma ukwazi ukubeka eceleni imali eningi njalo ngenyanga. Kodwa wonke umuntu ophumelela ekongeni waqala ndawana thile.

Uma usuqalile, noma ngabe ngenyanga mali encane, ukuzethemba kwakho kuyakhula futhi nawe uqala ukonga kakhulu.

Uma uthola imali eyengeziwe, njengenkohlolo ye-stokvel noma ibhonasi emsebenzini, ungakwazi ukwengeza leyo mali emalini oyongayo.

Kodwa ungawabukeli phansi amandla okonga imali encane njalo.

Ngokuhamba kwesikhathi, leyo mali ingenza umehluko omkhulu.

Okubalulekile ukuhlala unomkhuba wokonga, hhayi ukuphelela.

Ithiphu yokonga: Uma wongela umgomo othile kuba lula ukuqhubeka nokonga. Vula i-akhawunti ehlukele bese uyini-ka igama elinencazelo, njengokuthi “Isikhwama Sezimo Eziphuthumayo” noma “Izimali Zezikole.” Abantu abaningi bagqugquzeleka kakhulu ukonga uma bazi kahle ukuthi bayongelani.



Inkolelo-mbono yesithathu:

“Ukukhipha imali esigabeni sokonga sesikhwama sami somhlalaphansi akuyona inkinga enkulu.” Uma unenhlanhla yokuba nesikhwama somhlalaphansi, usuwqalile kakade umkhuba wokonga.

Kodwa ukukhipha imali esigabeni sokonga sesikhwama somhlalaphansi kanye ngonyaka kwehlisa kakhulu imali ozoba nayo ngesikhathi usuthatha umhlalaphansi.

Ngisho noma ungakwazi ukubuyisela leyo mali ngokuhamba kwesikhathi, usuke ulahlekelwa amathuba okuthi ikhule ngenzalo phezu kwenzalo. Uma uqhubeka nokukhipha imali esigabeni sakho sokonga njalo ngonyaka, uzogcina unemali encane ngesikhathi usuyidinga kakhulu uma usuthathe umhlalaphansi. Khumbula futhi ukuthi imali ekhishwa esigabeni sokonga

sesikhwama somhlalaphansi iyakhokhiswa intela futhi kukhokhiswa nemali yokuphatha (administration fee).



Ithiphu yokonga:

Zibekela umgomo wokwakha isikhwama sezimo eziphuthumayo, noma ngabe uqala ngemali encane. Esikhundleni sokukhipha imali esikhwameni sakho somhlalaphansi njalo lapho kuvela izindleko ezingalindelekile, sebenzisa imali esikhwameni sezimo eziphuthumayo. Lokhu kuzovumela imali yakho yomhlalaphansi ukuthi iqhubeka ikhula, kanti nawe ugweme ukukhokha intela nezimali zokuphatha.

Londoloza okusemandleni akho.

Akudingeki ukuthi ukonge ngokuphelele ngaso sonke isikhathi. Ezinye izinyanga zizoba nzima kunezinye, futhi lokho kujwayelekile. Okubalulekile ukwakha umkhuba wokubeka eceleni okuthile noma nini lapho ukwazi khona.

Ukongela imali encane njalo namuhla kungakunika amathuba amaningi, ukuvikeleka kwezimali kanye nokuthula kwengqondo kusasa. Kule Nyanga Yokonga, ungagxili ekutheni ungonga malini. Gxila ekuqaleni.

Londoloza okusemandleni akho ikusasa lakho lincike kulokho. Le ngosi ekhokhelwe ilethwe yi-Association for Savings and Investment South Africa (ASISA) njengengxenye yomkhankaso wayo wokufundisa umphakathi ngeNyanga Yokonga, ngenhloso yokusiza abantu abaningi baseNingizimu Afrika ukuthi bekwazi ukongela ikusasa.





ITheku talks



BY 2030 ETHEKWINI WILL BE AFRICA'S MOST CARING AND LIVEABLE CITY

Kwethulwe ibhuloho nomgwaqo kukaR71M

ESILINDILE CELE NO SIMPHIWE DLAMINI

BEKUYINJABULO yodwa kumalungu omphakathi ngesikhathi iMeya yeTheku, uKhansela Cyril Xaba, yethula ngokusemthethweni ibhuloho iBlundell Bridge nomgwaqo, okubize uR71 million, ngomhla ka-15 Julayi. Le ngqalasizinda yacekelwa phansi yizikhukhula zango-2022.

Lolu hlelo lwengqalasizinda, oluthole imiklomelo eminingi, lusiza ukuxhumanisa kangcono imigwaqo yaseningizimu yeTheku nokuxhumanisa imiphakathi yaseShallcross naseQueensburgh.

UMeya uXaba uthe iBlundell Bridge nalo mgwaqo ngolunye lwezinhlelo eziningi zengqalasizinda evuselelwe wuMasipala ngoxhaso lwezinhlekelele lukazwelonke. Wengeze ngokuthi uMasipala usuzibophezele ekuqinisekiseni ukuthi yonke ingqalasizinda eyakhiwa kabusha ihambisana nemigomo yezobunjiniyela yesimanje.

“Sizokwenza isiqiniseko sokuthi yonke ingqalasizinda iyakwazi ukumelana nezikhukhula zesikhathi esizayo nezinye izimo zezulu ezimbi. Sakha ingqalasizinda ekwaziyo ukumelana nesimo sezulu. Leli bhuloho lakhiwe ngendlela ezolenza likwazi ukumelana neziphapho ezinzima,” kusho uMeya uXaba.

Indawo yokuwela endala ibingeyinhle njengoba ibincane, ingenazo izindawo zahamba ngezinyawo futhi ingenazo izingxenye zokuphepha zesimanje. Obekukhathaza kakhulu



Lethulwe ngenkulu injabulo ibhuloho likaR71 million elihambisana nomgwaqo, iBlundell Bridge, elivulwe ngokusemthethweni yiMeya yeTheku, uKhansela Cyril Xaba, nobuholi bukaMasipala obuphezulu ngomhla ka-15 Julayi.

Isithombe: THULI DLAMINI

wukuthi bekulula ukuba lithintekwe ezikhukhuleni.

Ingqalasizinda entsha inomgwaqo osanda kwakhiwa ocishe ube wu-450 wamamitha. Leli bhuloho lingamamitha awu-90 ubude, amamitha awu-14 ububanzi futhi lihlanganisa imizila emibili ephelile yezimoto, nezindawo zokuhamba ngezinyawo eziphephile.

Lizothuthukisa ukuphep-

ha emgwaqweni, linciphise ukuphazamiseka kokuhamba uma kunemvula, lisize ekutheni izimoto zihambe kangcono nabahamba ngezinyawo bafinyelele ngendlela ephhephile lapho beya khona. Lizokwenza nezokuthutha zikwazi ukubhekana kangcono nezimo ezinzima eminyakeni eminingi ezayo, lisize nabazimo eziphuthumayo bafinyelele kangcono lapho

bedingeka khona.

Ngaphezu kwalokho, leli bhuloho liphakanyiswe laba phezu kunamazinga osuke kwafinyelela kuwona izikhukhula, okunciphisa ubungozi bokuthi amanzi enyuke aze afike phezu kwalo ibhuloho ngesikhathi semvula enamandla.

UMeya uXaba ushayele ihlombe uPhiko lwezobunjiniyela kuMasipala ngokuz-

inikela kwalo kulolu hlelo kusukela ekuqaleni kuze kube sekupheleni.

“Ngokwenza lo msebenzi ngabasebenzi bethu bangaphakathi, asigcinanga ngokushesha ukuphuthulwa kwawo cishe ngeminyaka emibili, kodwa siphinde songa imali elinganiselwa kuR10 million ezindlekweni zemisebenzi yobuchwepheshe.

Lolu hlelo luphuthulwe eminyakeni emibili nengxenywe. Umphakathi ubambe iqhaza engxenyeni engamaphesenti awu-30 njengoba cishe uR19 million wabelwe izinkampani zendawo. Lolu hlelo lwakhe amathuba omsebenzi kubantu abalinganiselwa ku-20 ngenyanga esikhathini esiyizinyanga eziwu-16,” kuphetha uMeya uXaba.

u-R63.5 wesiteshi esisha sezicimamlilo eJacobs

SANE SHANDU

UKUZIBOPHEZELA kukaMasipala weTheku ekuqiniseni imisebenzi yawo yokubhekana nezimo eziphuthumayo sekuphinde kwagqama ngemuva kokuba kwabiwe uR63.5 million wokubhidliza nokwakha kabusha isiteshi sezicimamlilo saseJacobs. Lesi sikhungo esibalulekile kulindeleke ukuba sithuthukise indlela

okubhekana ngayo nezimo eziphuthumayo kulo mphakathi nasezindaweni ezingomakhelwane. Le ntuthuko iyingxenye yemizamo eqhubekayo yoPhiko lweziCishamlilo lukaMasipala yokuqinisekisa ukuthi abasebenzi bezicishamlilo bahlonyiswa ngezikhungo zesimanje, eziphephile, nezifanelekile ukuze bavikele kangcono impilo nempahla. Isiteshi saseJacobs esikhona

njengamanje siye savalwa ngemuva kokuba sihloliwe, kwatholakala ukuthi isakhiwo asisekho esimweni esihle, asiphephile, futhi asisahambisani nemithetho yezokwakha. Olunye uphenyo luveze ukuthi ukulungiswa kabusha kwalesi sikhungo ngeke kube yisisombululo esisebenzayo futhi ngeke konge izimali, okuholele esinqumweni sokuba kwakhiwe kabusha. UMqondisi woPhiko

lweziCishamlilo, u-Enock Mchunu, uthe lolu hlelo luzoqinisekisa ukuthi abasebenzi bezicishamlilo banezinsiza ezifanele abazidingayo ukusebenzela kangcono umphakathi. “Abasebenzi bethu bezicishamlilo yibona abagijima phambili nsuku zonke ezimweni eziphuthumayo ukuze bavikele izimpilo. Lolu hlelo luzobahlinzeka ngengqalasizinda

yesimanje abayidingayo ukuze basebenze kahle nangokuphepha,” usho kanje. Isiteshi esakhiwe kabusha sizoklanywa ngendlela ehambisana nemigomo yamanje futhi sizokweseka izidingo ezikhulayo zendawo iJacobs, ekhombise ukukhula ngamandla kule minyaka edlule. Lolu hlelo luzokwenziwa eminyakeni yezimali emithathu kanti ukuhlelwa nokuklanywa kwalesi sikhungo sekuvele

kuhamba isigaba eside, okuyisinyathelo esibalulekile ekuthuthukiseni imisebenzi yokubhekana nezimo eziphuthumayo eThekwini. “Lolu hlelo luzosiza sikwazi ukusabela ngokushesha nangempumelelo ezimweni eziphuthumayo lube futhi luhlinzeka ngendawo lapho abasebenzi bezicishamlilo bekwa ukwenza khona umsebenzi wabo ngokuzethemba nangendlela efanele,” kusho uMchunu.



reSURGEance Durban Conference 2026

24 - 28 OKT 2026 DUBAN EXHIBITION CENTRE

@reSURGEanceConference www.reSURGEanceConference.com

DECREASING BARRIERS BY INCREASING ACCESS

AMADODA AHOLA UMKHANKASO WOKULWA NODLAME LOBULILI KWAMASHU

Nelisiwe Magwaza

INHLANGANO i-KwaMashu Youth Crime Prevention Desk ihlele ingqungquthela yesibili yaminyaka yonke i-Siyabadodisa Seminar ngenhloso yokukhulisa, ukuqondisa nokukhuthaza abafana basesikoleni samabanga aphezulu ukuba babe ngabaholi abanomthwalo wemfanelo emphakathini. Lenkomfa banjelwe eKwaMashu G Hall, lapho kuhlangele khona abafundi besilisa abavela ezikoleni zemfundo ephakeme eziyisishiyagalolunye ukuze bathole ulwazi nezifundo ezizobasiza ekwakheni ikusasa elingcono. Abethimba lenhlangano ebizwa ngokuthi yi Isigungu sezinsizwa basike elijikayo ukucobelela intsha ngokuziphatha emphakathini. Inhloso yalwe nkomfaba babalule ukuthi ukudodisa abafana abasakhula nokubanikeza ithuba lokwazi ngempela yangangaphandle kwesikole. Ongusihlalo wezokuphepha emphakathini okuhlanganisa ne community Neighbourhoodwatch EThekwini u Andile Jali uchaze usukulo lwenhlanganisela njengosuku lokudodisa izinganga zabafan.



Abahleli boMcimbi Wamadoda bathathe isithombe ndawonye ngesikhathi kuqhubeka umcimbi wokukhuthaza amadoda ukuba abe ngabaholi bokuthula, avikele imindeni futhi alwe nodlame olubhekiswe kwabesifazane nezingane.

‘Siyakholelwa kakhulu makuthiwa inkunzi isematholeni esikutholayo ukuthi izingane zinikezwe amalungelo amaningi. Okwethu ukuthi sibakhombise indlela sizobakhumbuzake ukuthi kumele bedlalele kude nezidakamizwa benake ikusasa labo. Okubi kakhulu ukuthi abadaya isizidakamizwa ezabo izingane aziwadli ziba nekusasa elihle. Namhlenje sesinabantu okuthiwa abanamakhaya yingenxa yazo izidakamizwa abanye bahamba bonile bahluleka ukuphathwa sizothike indlela ibuzwa

kwabaphambili.” Kusho u Jali. U Siyabonga Hlongwana ovela ophikweni lwentsha kumkhundlu weTheku uthi komele kuqale beqonde igama lokuthi yini indoda noma lichaza ukuthini igama elithi uyindoda. ‘kunezinto eziningi okuyofan-ele sizikhumbule ngathi ngakho kuzomele silifune sithole leligama elithi uyindoda. Ukufuna leligama ungabafaki abangani bakho kepha zibheke wena.

Lenyang eyamadodo komele siziqhenye si ngama dodda, elokuba ngumuntu wesilisa lisenza sizizwe singaphephile

emphakathi ngoba okwenzakalayo kuthiwa umuntu wesilisa. Asingahlulwa yimithetho yase makhaya bese siyogcwala ngaphansi kwamabrijji EThekwini, bonke basuka emakhaya bahlulwe yimithetho komele niziphathe kahle emphakathini nihloniphe.” Kusho u Hlongwane.

U mnculi kamasikandi obuye abe yinxenye yethimba le Isigungu Samadoda uchaze igama lokuba yindoda nje ngegama okumele limlandele umuntu ngezenzo zakhe. Ekhuluma lapho bekuhlangene khona abafundi besilisa abavela

ezikoleni ezahlukeneyo ugcizelele ukuthi umyalelo wabazali kanye nowothisha eskoleni komele bewuhloniphe. ‘Asizile ukuzoshintsha umfanakodwadwa sizomkhipha kokukuphambuka njengengane sizomupha umqondo wokuba mudala, uma uyingwele uyaba nomuntu obukela kuyena konke akwenzayo okusenza nathi sikwazi ukufinyelela kubo emphakathini sibazisi ukuthi iyiphi indlela okumele uziphathe ngayo ukuze ungagcineli ejele elikhulu kakhulu elokuhlonipha umazise umuntu omndala kunawe”. Kusho u Saliwa.



UKHALE WAMUKA NOMNGANI OXOSHWE NGOMLAYEZO KA- WHATSAPP

Nelisiwe Magwaza

IDemocratic Alliance (DA) KwaZulu-Natal yamukele amakhansela amabili ase Thekwini aqhamuka ku-African National Congress (ANC), yathi lesi sinyathelo siyinkomba yokuthi abantu abaningi sebonale nhlangano njengeyona engaletha uguquko. Amakhansela uDavid Ngubane noMarco Mbambo, bebengamakhansela kuma wadi aseThekwini kusukela ngo-2021, banqume ukushiya i-ANC bajoyina i-DA ngoba bethi bayahambisana nezimiso zayo nombono wayo wokwakha uhulumeni onobulungiswa, oziphendulelayo futhi osebenza ngendlela efan-ele. I-DA ithe isinqumo salaba bakhansela sikhombisa ukuthi i-ANC ayisathembwa kuphela ngabavoti baseThekwini,



Esithombeni ngu Sithembiso Ngema no Dean Macpherson be DA kanye no Mike Mbambo osuka Kwi ANC kanye no Davide Ngubane.

kodwa isiqalile nokulahlekelwa ukwesekwa ngabantu abangaphakathi ezinhakeni zayo. UNgubane okunguyena olandele umngani wakhe oxoshwe ngomlayezo ka Whattapp uzichazenjengomfundisi nomuntu onokuthula. “I DA

inabantu abanukuthula njen-goba ngingumfundisi nje shuthi ngikhethekahle nami. Uma ungumholi lapha phansi emawadini ukuthula akukho ufika ekhayabethi nangu esebuyile siyabonga ngoba sivika izinhlamvu. Ngibona ukuthi kwi DA kuzoba lula

kakhulu ekhayeni lami elisha umdonsiswano ubusekhaya lami elidala ayikho lapha.” Kusho u Ngubane. U Mbambo uzithobe amnxeba ngokungapholisi maseko waphumela obala ngokuba yilungu eligcwele le DA ngemuva kokuxoshwa kwakhe ebizwe nge mpimpi kwi ANC. “Ngiqale ukuthola izincigo kusuke ngezikhathi zabo 13:30 ngangenza umsebenze njengokujwayelekile ngehlelwa isehlo sika whattapp ngangihlela umncimbi omkhulu kwi ward. Bangibize ngempimpi ye DA nangamagama kwangiphatha kabuhlungu lokho kodwa ngathatha isinqumo sokuthi angivele ngibajoyine nginethemba lokuthi

ngoba umsebenzi ngyawazi ngizoqhubeka ngisebenze nakwi khayalami elisha”. Le nhlangano ithe iyaqhubeka nokukhula futhi isikulungele ukwamukela abanye abaholi bemiphakathi nabavoti abakholelwa ezimisweni zayo zenkululeko, ubulungiswa, amathuba alinganayo kanye nokuhlonishwa kokwehlukahlukana. I-DA ithe ikholelwa ukuthi ulwazi uNgubane noMbambo abanalo ekusebenzeleni imiphakathi yabo, ubudlelwano babo nabantu kanye nokuzimisela kwabo ukuletha intuthuko kuzoba wusizo emizamweni yokuthuthukisa ukuhlinzekwa kwezidingo zomphakathi eThekwini.

KUBUYISWE ISAKHIWO ESASIDLIWE IZIGEBENGU ENKABENI YETHEKU

Menzi Masuku

Isakhiwo ebesithathwe ngokungemthetho enkabeni yeTheku sibuyiselwe ngaphansi kukamasipala ngesikhathi somkhankaso obuhlanganise izinhlobo eziningi zikahulumeni nowezokuphepha. Kulo mkhankaso kuboshwe abantu abaningana okusolwa ukuthi bebehla ngokungemthetho kulesi sakhiwo, kwaphinde kwatholakala notshwala okusolwa ukuthi bebudayiswa ngaphandle kwemvume. Lo mkhankaso uqale ngezikhathi zasekuseni ngoMsombuluko esakhiweni esiku-44 Lancers Road,



Esithombeni: Isakhiwo ebekuhlala khona abantu ngokungemthetho esiku-44 Lancers Road.

uholwa ngamaphoyisa kaMasipala waseThekwini (DMPS) ngokubambisana neSouth African Police Service (SAPS), njengengxenywe yoHlelo Lokuvuselela Inkaba Yedolobha

laseThekwini (Inner-City Regeneration Programme). Abantu abaningana okusolwa ukuthi bebehla ngokungemthetho kulesi sakhiwo baboshiwe, base

bayiswa eziteshini zamaphoyisa ukuze kuqinisekiswa ubuzwe babo nokuthi basemthethweni yini ukuba kuleli. Lo mkhankaso ubuhlanganise izinhlobo ezahlukene okubalwa kuzo iSAPS, iDMPS, uMnyango Wezokuhlaliswa Kwabantu (Human Settlements), iFire and Emergency Services, abahloli bezakhiwo, uMnyango Wezamanzi Nokuthuthwa Kwendle, ugesi, ukuphathwa kwemfucuzo kanye noMnyango Wezempilo. Ithimba lihlole isimo sesakhiwo, laqinisekisa imininingwane yabantu abebekuso, futhi lahlola ukuthi siyahambisana yini nemithetho kamasipala. Lo mkhankaso uphinde waba

yithuba lokuqala iDMPS isebenzisa ubuchwepheshe bayo obusha be-Smart Policing Technology. Amaphoyisa asebenzise amakhamera agqokwa emzimbeni (body-worn cameras) kanye nemishini ephathwayo (Personal Digital Assistants) ukukhulisa ukuphepha, ukubeka obala ukusebenza kwamaphoyisa kanye nokurekhoda ulwazi ngesikhathi sangempela. UMasipala waseThekwini uthi uzoqhubeka nemikhankaso yokubuyisa izakhiwo ezithathwe ngokungemthetho ukuze zingabi izizinda zobugebengu, ngenhloso yokwakha idolobha eliphephile nelizinzile kubo bonke abantu

UMNYANGO WEZEMPILO UGXEKA UKUGETSHENGWA NOKUTHUNJWA KWABASEBENZI BEZIMO EZIPHUTHUMAYO

Nokwazi Khumalo

UMnyango Wezempilo KwaZulu-Natal usugxeke kakhulu isigameko sokubanjwa inkunzi nokuthunjwa kwabasebenzi be-Emergency Medical Services (EMS) esenzeke ngezikhathi zasekuseni kwaNkwalini Store emgwaqeni u-R34. Ngokusho komnyango, abasebenzi bosizo oluphuthumayo (EMS) babephendula ucingo lokucela usizo ngesikhathi behlaselwa yizigebengu ezibabambe ngezibhamu. Baphucwa izinto zabo, okuhlanganisa nomakhalekhukhwini nezinye izinto ezibalulekile, ngaphambi kokuthi baphoqwe ukushayela izigebengu ezindaweni



Esithombeni: uMphathiswa woMnyango Wezempilo KwaZulu-Natal, Nomagugu Simelane.

okungenani ezimbili zokuzijabulisa ukuze zizithengele utshwala zisebenzisa amakhadi abo asebhange. Kuthiwa laba basebenzi bagcinwe bethunjiwe amahora amane ngaphambi kokudedelwa. Nakuba bengalimalanga

emzimbeni, umnyango uthi ukuhlukumezeka ngokomqondo ababhekane nakho kukhulu kakhulu. UMnyango uveze ukuthi lesi sigameko asisona esokuqala, njengoba ukuhlaselwa kwabasebenzi be-EMS sekuya ngokuya

kwanda esifundazweni, naku-ba benza umsebenzi obalulekile wokusindisa izimpilo. “Abasebenzi bethu basabela ezicelweni zosizo ngenhloso yokusindisa izimpilo, kodwa sebeya ngokuya bephenduka izisulu zobugebengu. Lokhu akwamukelekile futhi sikugxeke kakhulu,” kusho umnyango esitatimendeni. UMnyango uphinde waveza ukuthi kuyadabukisa ukuthi imiphakathi ihlasele abantu abathunyelwe ukuyisiza. Uthe ngisho nasezikhathini zempi noma zezinhlekelele, abasebenzi bezimo eziphuthumayo bavikelwa ukuze bakwazi ukwenza umsebenzi wabo ngaphandle kokwesaba.

Lolu daba seludluliselwe emaphoyiseni aseNingizimu Afrika (SAPS), kanti umnyango uveze ithemba lokuthi abasolwa bazoboshwa babhekane nengalo yomthetho. Umnyango unxuse amalungu omphakathi ukuthi asebenzisane namaphoyisa ngokuletha noma yiluphi ulwazi olungaholela ekuboshweni kwabenzi balobu bugebengu. “Abasebenzi be-EMS bangamaqhawe, akumele babe yizisulu zobugebengu. Ngeke siphumule kuze kube yilapho labo abenze lesi senzo bebhakene nobulungiswa,” kuphetha isitatimende.

UHLELO LWEMISEBENZI ELUHLAZA LWANGO-R73 MILLION LUZOVULELA IZINKULUNGWANE AMATHUBA KWAZULU-NATAL



NguMfundisi Musa Zondi, uMphathiswa woMnyango WezokuThuthukiswa koMnotho, Ezokuvakasha Nezemvelo (EDTEA).

IZINKULUNGWANE zabantu baKwaZulu-Natal kulindeleke ukuthi zihlomule ohlelweni lwe-R73 million lokususa izitshalo eziyingozi ezihlasela

imvelo (Invasive Alien Species Programme), olwethulwe uMphathiswa woMnyango WezokuThuthukiswa koMnotho, Ezokuvakasha Nezemvelo (EDTEA), uMfundisi Musa Zondi, ngesikhathi sokugujwa koSuku Lomhlaba Lwezemvelo e-Ulundi. Lolu hlelo luhlose ukubuyisela esimweni esihle izindawo ezicekeleke phansi ngokususa izitshalo ezingezona ezemvelo ezisongela izinhlobozobu-bu-zezinto eziphilayo, ezidla amanzi amaningi futhi ezandisa ubungozi bomlilo emahlathini. Ngaphezu kwalokho, lolu hlelo luzodala amathuba emisebenzi

esimeme kuzo zonke izifunda zesifundazwe. Esifundeni saseZululand kuphela, kuzokwenziwa amaphrojekthi ayisithupha komasipala base-uPhongolo, Ulundi, Nongoma, AbaQulusi kanye naseDumbe. Le misebenzi izotshalelwa imali engaphezu kuka-R14.3 million futhi kulindeleke ukuthi idale amathuba emisebenzi ayi-1 095. UMphathiswa uZondi uthi lolu hlelo alugcini nje ngokususa izitshalo eziyingozi, kodwa luhlose ukuvikela imithombo yamanzi, ukuthuthukisa isimo senhlambathi nokulondoloza izitshalo nezilwane zemvelo ukuze kuhlo-

mule nezizukulwane ezizayo. “Lolu hlelo alugcini ngokususa izitshalo eziyingozi. Luhlose ukubuyisela izimo zemvelo esimweni esihle, ukuvikela imifula nemithombo yamanzi, ukuthuthukisa impilo yenhlabathi kanye nokulondoloza izinhlobozobu-bu-zezinto ezizayo zihlomule,” kusho uZondi. Ngaphezu kwalokho, sekubekwe eceleni imali engu-R2.7 million yokuqeqesha abantu abayi-1 000 ngezifundo ezigunyaziwe, ngenhloso yokubahlomisa ngamakhono azobasiza ekutholeni amathuba emisebenzi esikhathini esizayo. UZondi uthi isiqubulo soSuku

Lomhlaba Lwezemvelo salo nyaka esithi, “Inspired by Nature. For Climate. For Our Future,” siyisikhumbuzo sokuthi ukuvikela imvelo kubalulekile ekwakheni ikusasa elizinzile. “Namuhla akukhulunywa nje kuphela ngokuqwashisa abantu, kodwa kumayelana nokuthatha izinyathelo ezibonakalayo zokuvikela imvelo yethu ngesikhathi esifanayo sidala amathuba omsebenzi kubantu. Ukuvikelwa kwemvelo nokuthuthukiswa komnotho kufanele kuhambisane,” kusho yena. UMphathiswa uphinde wanxusa izakhamuzi ukuba zonge amanzi, zigweme ukungcolisa imvelo futhi zitshale izihlahla zomdabu.

I KwaZulu-Natal, uThamsanqa Ntuli, uhambele umcimbi weDundee July Traditional Horse Racing, ephelezelwa ngoNgqongqoshe wezeMidlalo, ubuCiko namaSiko, uMntomuhle Khawula, kanye noNgqongqoshe woMnyango wezokuThuthukiswa koMnotho, ezokuVakasha nezeMvelelo (EDTEA), uMfundisi Musa Zondi, uncome izinga lokukhula kwalomncimbi nokukhangiseka kwezokuvakasha namathuba omsebenzi kubagibeli bamahashi kanye nabanikazi bawo. “IDundee July isikhule yaba ngomunye wemicimbi emikhulu esifundazweni, ehlanganisa imfashini, ezemidlalo, ubuciko namasiko omlando. Lo mcimbi uheha izinkulungwane zababukeli minyaka yonke futhi ufaka isandla ekukhuliseni umnotho wendawo”. Kusho u Ntuli.

Amahhashi angaphezu kuka-200 eqhudelane khona ngemiklomelo ecishe ibe ngu-R3 million, okuqhubeke nokuqinisa isithunzi salo mcimbi njengomunye wemijaho emikhulu yamahhashi esintu eNingizimu Afrika oba e-Endumeni Racecourse.